



## KWENZEKANI MOWUDLULA EMHLABENI UNGENAYO INCWADI YAMAF?

eMzansi Afrika mowudlula emhlabeni ungenayo incwadi yamafa, ifa lakho lihlukaniswa ngokwemigomo yeIntestate Succession Act

Uma uhamba emhlabeni ungenayo incwadi yamafa ngabe kwenzakalani uma?

1. Ushiye emhlabeni unkosikazi/amakhosikazi okanye umyeni kuphela ningenabo abantwana?

Ifa lakho kuyoba ngelabo kuphela.




Ngabe umuntu onjani onguMyeni noma onguNkosikazi ngokomthetho?



Umuntu oshade ngokusemthethweni ngaphansi kwe Marriages Act.



Umuntu oshade ngokwesintu ngaphansi komthetho  
weRecognition of Customary Marriages Act 120 of 1998 (kubalwa  
nalaba abashade ngalendlela ngaphambi kokufika kwalomthetho)



Umuntu oshade ngokwenkolo eyama  
Muslim noma eyama Hindu.

## 2. Uma ushiye izingane kodwa unkosikazi noma umyeni engasekho?.

Ifa lakho lihlukaniselwa izingane ngokulingana.



## 3. Uma umufi eshiye unkosikazi/ amakhosikazi kanye nezingane?

Inkosikazi/amakhosikazi noma umyeni uthola u R250 000 noma okungaphazulu ngamunye noma ingxenye yomntwana. Ukuthuthola inani lengxenye yomntwana kuthathwa imali yefa yehlukaniswe ngesibalo sezingane kanye nonkosikazi/umyeni kamufi.

Isibonelo:

Uma inani lefa lingu R2 000 000 umufi eshiye emhlabeni izingane ezintathu kanye namakhosikazi amabili, kuthathwa inani lefa lihlukaniswe kahlanu ukuze kumphume ingxenye yezingane.

R2 000 000 /5 = R400 000.

Lokhu kuchaza ukuthi wonke umuntu uzothola uR400 000.



4. Uma umufi engashiyanga unkosikazi/ umyen'i noma izingane kodwa abazali bakhe besaphila bobabili?

Ifa lizohlukaniselwa abazali ngokulingana.



5. Uma umufi engashiyanga unkosikazi/ umyen'i noma izingane kodwa eshiye umzali oyedwa ophilayo, mase kuthiwa lomzali ongasekho ushiye izingane eziphilayo?

Ifa lihlukaniswa phakathi, umzali osaphila uhlukaniselwa ingxenye eyodwa, Ingxenye esele yehlukaniselwa abantwana bomzali ongasekho emhlabeni ngokulingana.



6. Uma umufi engashiyanga unkosikazi/ umyen'i noma izingane kodwa ushiye umzali oyedwa ophilayo, umzali ongasekho engashiyanga zingane? U mzali ophilayo nguye othatha lonke ifa.




7. Uma umufi engashiyanga unkosikazi /umyeni, izingane kanye nabazali, kodwa abazali bamufi banezingane eziphilayo?  
Ifa lihlukaniswa phakathi. Ingxenye eyodwa ihlukaniselwa izingane ezizalwa noma ezhlobene nomama kamufi ngokulingana. Enye ingxenye ihlukaniselwa izingane ezizalwa ubaba kamufi ngokulingana.



8. Uma umufi engashiyanga unkosikazi/ umyeni, izingane kanye nabazali, kodwa izingane zomzali ongasekho zisaphila?  
Lonke ifa lihlukaniselwa izingane zalowo mzali ongasekho ngokulingana




9. Uma umufi engashiyanga unkosikazi/ umyeni, izingane, abazali noma izingane zabazali abangasekho?  
Ifa linikezwa isihlobo esisondelene nomufi ngokwegazi.
10. Mangihamba emhlabeni ngingashiyi sihlobo?  
esimweni esinje imali iwela kuhulumeni.



### 11. Kwenzakalani ngengane yomufi ezalwe ngaphandle komshado?

ingane ezalwe ngaphandle komshado iyefana naleyo ezalelwe emshadweni uma sekuhlukaniswa ifa longasekho.



### 12. Kwenzekalani ngengane eyamukelwe ngumufi?

Ingane eyamukelwe ngokusemthethweni ngumufi ithathwa njengengane yakhe. Leyongane ayibe isathathwa njengengane yomzali oyizalayo, ngaphandle kwesimo lapho umzali owamukela ingane eshade nomzali oyizalayo.

